ZULU

BUDGET 2015

# UMKHOMBANDLELA WOLUNTU

Leliphephandaba likhishwe nguMnyango Wezezimali nenhlangano Eqoqa Intela (Sars)

ISSUED BY:
National Treasury: Tel (012) 315 5757
SARS: Tel 0800 007 277
www.treasury.gov.za | www.sars.gov.za

national treasury
Department:
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SARS
At Your Service

**YINI ISABELO SEZIMALI?**

Njalo ngonhlolanja, uNgqongqoshe wezezimali wethula izinhlelo zeminyaka emithathu elandelanayo zesabelo sezimali, ukuqoqwa kwentela kanye nokwebolekwa kwemali ezimakethe zezimali kuleli naphesheya kwezilwandle. Ungqongqoshe uphinde achaze indlela okuhloswe ngayo ukusetshenziswa kwemali eyabelwe iminyango kahulumeni wesizwe, ohulumeni bezifundazwe kanye namantshontsho atholwa omasipala.



# IZINSELELO ZESIKHATHI, UKUKHETHA NGOKWEPHUSILE

**Isabelo sezimali yisibuko lapho uHulumeni ebonisa khona ukuthi uzobhekana kanjani nezifiso zesizwe. Ngesabelo sezimali sika-2015, uHulumeni uzobonakalisa ukuzibophezela kwakhe ekuthuthukiseni izimpilo zabaphofu yize noma izinsiza zingaphansi kwengcindezi.**

Kusukela ngonyaka ka-2009, iNingizimu Afrika njengawo-wonke amazwe, beyilokhu ingaphansi kwengcindezi yezikweletu kanye nomnotho obungakhuli ngendlela ebilindelekile. Njengamanje izwe lakithi lidinga ukuthi umnotho ukhule ngamaphesenti angu-5 ngonyaka ukuze sizokwazi ukwandisa amathuba emisebenzi kanjalo siqede nobumpofu. Njengamanje, kusenzima ukufikelela kulomgomo ngoba umnotho womhlaba-jikelele ubuthakathaka. Uma-sizibuka njengezwe, izinselelo njenga ukunqamuka kwamandla kagesi, ukuntula kwamakhono kanye nezitelekа, zibambezele ukuthuthuka komnotho. Kulonyaka ka-2015, umnotho wakuleli kulindelekile ukuba ukhule ngamaphesenti angu-2; ukhule ngokuthakathaka uze ufike kumaphesenti angu-3 ngo-2017. Njengoba ukukhula komnotho kuncane, kuthathwe izinyathelo ezinzima lapho kwabiwa khona ngezisinza ezincane. Isabelo sezimali sika-2015 sikhombisa lemikhetho.

Isabelo sezimali sizokwenyuka sisukela ku-R1.12 trillion ngonyaka ka-2014/15 size sifikele ku-R1.41 trillion ngonyaka-2017/18. Lemali ayihlanganisi intela uHulumeni ayikhokhela imali-mboleko. uHulumeni uzoqhubeka nokuba-mandla ekusebenziseni imali kwizidingo zomphakathi. Kulomkhakha, uHulumeni uzofaka imali eningi ukulekelela emfundweni esemazingeni aphakeme noma engaphezu kwebanga lika-matekul' etsheni. Lesi-sabelo sizokwenyuka ngamaphesenti angu-7.1 ngonyaka ngoba imfundo ibaluleke kakhulu njengesisekelo sempilo engcono. Isabelo se-National Student Financial Aid Scheme (NSFAS) sizokhula sifikelele kumabhiliyoni angu-6.9 ngonyaka ka 2017/18.

Uhlelo lukaHulumeni lwentuthuko luncike kakhulu ekwakhiweni kwengqalasizinda ukuze kufukulwe umnotho. Kuleminyaka emithathu ezayo, uHulumeni uzosebenzisa amabhiliyoni angu-R813.1 ukuthuthukisa ingqalasizinda. Kulemali, amabhiliyoni angu-R669 azofakwa emisebenzini yengqalasisinda emikhulu okubalwa kuyo, ezikagesi kanye nayo yonke imikhakha yokuthuthwa kwempahla neminye imikhiqizo. Okunye okubalulekile ukuthi uHulumeni avuselele ingqalasizinda yomphakathi ngoba yiyo elekelela ukuthi umphakathi uthuthukise amazinga awo empilo. uHulumeni ubeke eceleni amabhiliyoni angu-R9.3 kuleminyaka emithathu ezayo ukubhekana nemisebenzi emikhulu eyi-50 yomnyango wezempilo.

Ngenxa yesimo somnotho esinzima esesidale ukuthi lehle izinga lokukhula lemali eqoqwa nguHulumeni, sekuthathwe izinyathelo zokubhekana ngqo nokuxhaphazwa kwemali yesabelo kanye nokusetshenziswa kwayo ngendlela engaphusile. Phakathi kokunye lokhu kusho ukunciphisa ukusetshenziswa kwemali ezintweni ezingabalulekile ukuze leyo mali ifakwe emikhakheni ebaluleke.

Isabelo sezimali sika-2015 sigqugquzela ukusebenzisa imali ngendlela ephusile, ecacile, ne-bhekela izidingo zabantu. Ngalokho uHulumeni uqonde ukuqhubeka nokubeka izwe emgudwini wempumelelo owaqalwa eminyakeni eyi-21 eyedlule.


2



1. Ovela kungqongqoshe
2. Ukulawulwa kwamadolobha
3. Ukuvikela komphakathi
4. Eyezenhlakahle

3



1. Ezemfundo ne-zempilo
2. iSabelo sezimali
3. Ivelaphi imali yesabelo
4. Izokwabiwa kanjani

4



1. Izinguquko zentela yabasebenzi
2. Imikhakha emisha yentela
3. Intela yomhlaba nezakhiwo
4. Intela yogwayi notshwala


FIND US ON FACEBOOK

RSA BUDGET



# UMYALEZO KANGQONGQOSHE

**Isabelo sezimali sika-2015 sethulwa ngesikhathi iNingizimu Africa ibhekene nezinselelo eziningi, phakathi kwazo okungabalwa ukuntengantenga kwezomnotho, izingqinamba ekulethweni kukagesi, kanye nesimo somnotho esikwenza kubenzima kuHulumeni ukwandisa isabelo sezimali ngezinga eliphezulu njengaseminyakeni engaphambilini.**

Yingakho-ke uHulumeni esethathe izinyathelo zokunciphisa igeba phakathi kwemali eqoqwayo njalo ngonyaka, iningi layo eliphuma kwintela, kanye nesabelo sezimali.

Lezinyathelo zizoqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iyaqhubeka nohambo oluphikelele ekuphuculweni kwezimpilo zezakhamizi zakuleleli. Lezinyathelo ziphinde zeseke izinguquko okuyokuthi uma ziphumelela zibe isisekelo sokukhula komnotho ngezinga eliphezulu kanye nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi.

uHulumeni ubophezelekile ukuthi aqinisekise ukuthi isikhwama sezimali zomphakathi sisesimweni esihle. Uma uHulumeni engayekelela lesi-sibopho uyobe edonsela lelizwe ogibeni lwezikweletu lapho ingxenye enkulu yesabelo sezimali siyodliwa intela yemali mboleko. Lokhu kuyolimaza izinhlelo zakhe uHulumeni zokuthuthikisa lelizwe.

Nakuba umnotho untekenteke, futhi nesimo somnotho sinciphisa amathuba kaHulumeni okukwandisa isabelo sezimali, isabelo salonyaka sisaqhubeka nokugxila ekuguquleni izimpilo zomphakathi wakuleli kuleminyaka ezayo. Noma isimo somnotho sisiphoqa ukuthi sinciphise izinga lokwenyuka kwesabelo sezimali sibuye futhi senyuse nentela, inhloso enkulu kaHulumeni kuseyikho ukuvuselelwa kanye nokuthuthukiswa kweze lakithi, ukhwakhiwa kwekusasa elibandakanya wonke umuntu, lapho siyoziqhenya ngezinga lezidingo zomphakathi, amathuba emisebenzi kanye nokuphepha.

# UKULAWULWA KWAMADOLOBHA AMAKHULU NOKUNAKEKELWA KWENGQALASIZINDA

**Njengezindawo lapho kukhiqizwa khona umnotho, amadolobha amakhulu ahleleke ngendlela efanele nalawo azigcina esesimweni esiphakeme aneqhaza elikhulu ekuthuthukisweni kweze ngokwezomnotho.**

Inkinga ukuthi amadolobha amaningi akulelizwe ayengahleliwe ngendlela yokuthi akwazi ukumelana nokwanda kwabantu emadolobheni. Ukuguqula lesi-simo kusho ukuthi kumelwe kufakwe imali kwizidingo-ngqangi ezifana nezezindlu kanye nezingqalasizinda, ikakhulukazi ezokuthutha. uHulumeni kazwelonke uhlangabezana nalezingqinamba ngohlelo lokwabela ngqo ohulumeni basekhaya ngomxhaso obhekele izingqalasizinda zomasipala. Kuleminyaka emithathu ezayo uHulumeni kazwelonke uzokwabela lomxhaso amabhiliyoni angu-46.9.

uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu uhlose ukusungula amathuba okwakhiwa kwezindlu acishe abe izigidi ezingu-1.5 kusukela manje kuya kunyaka ka-2019. uMnyango ubeke amabhiliyoni angu-R33.3 ezobhekana ngqo nengqalasizinda ehambisana nokuhlaliswa kwabantu emadolobheni amakhulu kuleminyaka emithathu ezayo. Lesi-sabelo sezimali sizobuye sibhekele nezidingo ezinjengokuhlelwa komhlaba, ukubekela izidingo zomphakathi, kanye nezingqalasizinda ezikhulu.

Uhlelo luka Hulumeni lokwenza lula ukuthuthwa phakathi kwezindawo ezihlala abantu kanye nezi-zinda zezomnotho seluqalile ukuthela izithelo. Kuloluhlelo, idolobha laseGoli lihlomule nge "*Rea Vaya*", elaseKapa lihlomule nge "*My Citi*", kanti elasePitoli lihlomule nge "*A re Yeng*". uMnyango kaZwelonke wezokuThutha nawo uzoqhubeka usebenzise umxhaso wezentilasipoti yomphakathi ukuze kuthuthukiswe loluhlelo lwezokuthuthwa kwabantu. Isabelo salomxhaso sizokhula ngapaphesenti angaphezi kwamane ngonyaka kuleminyaka emithathu ezayo.




# UKUKHUSELA INHLALAKAHLE YOMPHAKATHI

## Kuleminyaka emithathu ezayo, i-*South African Social Security Agency* (SASSA) izoqhubeka ukukhulisa izinhlelo zezenhlalakahle

**UHulumeni usazibophezelele ekuqedeni ukungalingani ngokwezomnotho kanye nobuphofu.**

Enye yezindle yokufeza lokhu ukuthi uHulumeni aqhubeke nokulekelela izakhamizi ezintulayo ngemali yezenhlalakahle. Ngonyaka ka-2018, izigidi ezingu-17.5 million zabantu baseNingizumu Afrika bayobe sebethola lolusizo lwezenhalakahle. Ngaloluhlelo uHulumeni uqonde ukulwa nobuphofu ezweni lakithi. Izinhlelo zezenhlalakahle ziqondiswe kakhulu kubantu asebekhulile, abantu asebathatha umhlala-phansi, amasosha asemnkatsh' ubomvu, izingane kanye nabakhubazekile. Ukwenyusa imali yalemindeni kuyisiza ukuthi ingacwili kakhulu ebuphofini. Kanti futhi ukuthuthukisa amakhono alemindeni kuneqhaza elikhulu ekwakhiweni kukaHulumeni onjongo yawo ukuthuthukiswa kwezimpilo zazakhamizi. Kuleminyaka emithathu ezayo, i-*South African Social Security Agency* (SASSA) izoqhubeka ukukhulisa izinhlelo zezenhlalakahle.

# IMALI YEZE-NHLALA-KAHLE



**N**go 2017/18 umnotho oyakwinhlelo zenhlalakahle iyakufika ku R149 billion, ibonisa inkuthalo kahulumeni ekukhuseleni abampofu. Imizamo yokufaka ezincwadini ingane ezingaphantsi kweminyaka emibili, ukuze bafumane esisincediso isaqhubeka.

| 2014/15 | 2015/16 |
|---|---|
| EYEMPESHENI | |
| R1 350 | R 1 410 |
| EYABAMINYAKA ENGAPHEZU KUKA-75 | |
| R1 370 | R 1 430 |
| EYAMASOSHA ASEMNKATSH' UBOMVU | |
| R1 370 | R 1 430 |
| EYABAKHUBAZEKILE | |
| R1 350 | R 1 410 |
| EYEZINTANDANE | |
| R830 | R860 |
| EYABADINGA UKUNAKEKELWA | |
| R1 350 | R 1 410 |
| EYOKONDLA IZINGANE | |
| R315 | R330 |

# EZEMFUNDO NE-ZEMPILO ZIZOHLOMULA KAKHULU

Inhlalakahle yesizwe ingaboniswa kalula ngendlela imiphakathi ekwazi ngayo ukuthola usizo olusezingeni eliphakeme, kakhulukazi imfundo kanye nezempilo. Nakuba ibonakala impumelelo esizuziwe kuleminyaka engamashumi amabili edlule, kusekuningi okumele kwenziwe ukuze izakhamizi zakuleli ziphile kahle futhi zibe ngabafundile. Kuleminyaka emithathu ezayo:

1



## R7 BILLION

ibekelwe ukwakha ingqalasizinda ezikoleni ezingu-510, aphinde asetshenziselwe ukuletha amanzi ezikoleni ezingu-1 120, kwakhiwe ingqalasinda yokuthuthwa kwendle ezikoleni ezingu-741, kubuye kuxhunywe ugesi ezikoleni ezingu-916

2



## R19.5 BILLION

uMnyango wezeMpilo uzotshala amabhiliyoni angu-R19.5 ukubhekana nokugcinwa kanye nokuvuselelwa kwengqalasizinda yezempilo. Lesisamba, sizophinda sisetshenziselwe ukwkha kwezikhungo eziyisikhombisa zawo lomnyango ezifundazweni

3



## R3.1 BILLION

izosetshenziselwa uhlelo lomfundaze (Funza Lushaka) okuhloswe ngalo ukuqiniseka ukuthi kune-nani elanele lothisha abasha. Loluhlelo lulindeleke ukuthi lukhiqize othisha angu-10 200 ngonyaka ka-2017/18

4





## IZIKHUNGO-11

Umsebenzi wokuvivinywa kohlelo lokusabalisa usizo lwezempilo (National Health Insurance) luzoqhubeka ezikhungweni eziyishumi nanye njengoba kulonyaka lungena kunyaka wesine.

## UYITHATHAPHI IMALI UHULUMENI

| INTELA | 2015/16 | % |
|---|---|---|
| EKHOKHWA ABASEBENZAYO | 393.9 | 36.4 |
| EKHOKHWA IZINKAMPANI | 202.0 | 18.7 |
| INTELA YENTENGO (VAT) | 283.8 | 26.2 |
| EPHATHELENE NOHWEBO PHAKATHI KWAMAZWE | 76.1 | 7.0 |
| EKAPHETHILOMU | 55.7 | 5.1 |
| NOKUNYE | 69.8 | 6.5 |
| **ISAMBA ESIHLANGENE** | **1081.3** | **100.0** |




# SIHLANGANISWA KANJANI ISABELO SEZIMALI?


**Minyaka yonke uHulumeni ushicilela isibuyekezo sesabelo sezimali (Budget Review) esinesilingaso semali uHulumeni angayiqoqa kanti futhi nokuthi leyomali izosetshenziswa kanjani.**

Isinyathelo sokuqala ekubunjweni kwesabelo sezimali ukufinyelela esinqumeni sokuthi yimalini uHulumeni angayiqoqa kanti futhi ingakanani angakwazi ukuyiboleka ezimaketheni zezezimali. Ukwenza lokhu, uHulumeni ubheka isimo somnotho. Uma umnotho ukhula, nenani lemaili uHulumeni ayiqoqayo liyanda. Esikhathini esiningi uHulumeni usebenzisa imali eningi kunaleyo ayingenisayo. Lesi-simo siphoqa uHulumeni ukuthi aboleke ingxenye yemali ukuze ezokwazi ukumelana nezidingo asuke ezibekele zona.

Ngaphambi kokuthi uHulumeni aqale ukusebenzisa imali kumele aqale akhoke inzalo kwizimali mboleko zeminyaka eyedlule. Phezu kwalokhu, uHulumeni ubuye ahlephule umhlomulo womasipala emalini yentela kaphethilomu kanye nentela yokuthuthukiswa kwamakhono. Uma lezizindleko sezihlinzekelwe uHulumeni ube esebeka eceleni imali yokubhekana nezimo ukwenzeka kwazo okungelula ukuzazi ngaphambi kokuthi zenzeke. Imizekelo yalezizimo ezempi kanye nomonakalo odalwa indalo, njengezikhukhula kanye nemililo yobuhanguhangu. Uma sekwenziwe lezi-zabelo, kube sekuqala uhlelo lokwahlukanisa yonke imali ngokwezinhlaka zikaHulumeni. Lokhu kubizwa ngokuthi phecelezi, division of revenue.

Nakuba ukushicilelwa kesabelo sezimali kungumsebenzi woMnyango wezeziMali, uhlelo lokulinganisa ukuthi yimalini engaqoqwa isikhwama sentela, yimalini ezobolekwa ezimakethe zezimali kanye nokuthi yonke lemali izosetshenziswa kanjani, luwuhlelo oluhlanganisa uHulumeni kaZwelonke, ohulumeni bezifundazwe nomasipala kanye nosopolitiki. Izinqumo okufikwa kuzo zibe sezichazwa ngemikhakha yazo encwadini eyaziwa ngokuthi ubuyekezo lwesabelo-Mali, phecelezi Budget review. Izahluko zalomqulu zihlanganiswa uMnyango wezeziMali.

uNgqongqoshe wezeziMali ube esethula lomqulu ePhalamande ukuze iPhalamende lizobonisana ngawo. Uma iPhalamende selivumelene futhi lagunyaza ukuphasiswa koLwabiwo-Mali lokho kusho ukuthi iSabelo sezimali sesingesamukelekile.



# 2015 INHLANGANO EQOQA INTELA

## INTELA EKHOKHWA ABASEBENZAYO

### ZIKUTHINTA KANJANI IZINGUQUKO ZENTELA EKHOKHWA ABASEBENZAYO?

Isabelo sezimali sika-2015 sizoletha izinguquko kwintela ekhokhwa abasebenzayo, namazinga okukalwa ngawo inani lentela ekhokhwayo kanye nemali-mbuyiselo etholwayo izoshintshwa ukuze abakhokhi'intela bangabhadali imali ephezulu ngenxa yokwehla kwezinga lamandla emali. Ngokwa lesi Sabelo sezimali, abantu abahola ngaphezu kuka R181 900 bazokhokha intela ethe ukuba phezulu, kanti nezinzuzo ezihambisana nemali-mbuyiselo etholwa ngokusebenzisa usizo lwezempilo oluzimele (medical aid) nazo zizokhuphulwa. Lezinguquko azizukuba namiphumela etheni kwintela ekhokhwa abasebenzayo. Kodwa labo abahola imali engaphansi kuka R500 000 ngonyaka bazohlomula kuloluhlelo. Umholo lapho umuntu engabhadali intela kulo lizohlelwa kanje kusukela ngomhlaka 1 March 2015 kuya ku-29 February 2016:

| IZIGABA ENTELA | 2014/15 | 2015/16 |
|---|---|---|
| Ngaphansi kweminyaka engu-65 | R70 700 | R73 650 |
| Iminyaka engu-65 - 74 | R110 200 | R114 800 |
| Iminyaka engu-75 nangaphezulu | R123 350 | R128 500 |

Amazinga amasha okukalwa ngawo ukuthi inani entela ekhokhwayo ahambisana nembuyiselo mali etholwayo ("rebates"):

| IMBUYISELO MALI | 2014/15 | 2015/16 |
|---|---|---|
| Yabobonke abakhokh' intela | R12 726 | R13 257 |
| Eyesingezelelo sabeminyaka engu-65 nangaphezulu | R7 110 | R7 407 |
| Esalabo abaminyaka engu-75 nangaphezulu | R2 367 | R2 466 |

**IMIKHAKHA EMISHA YENTELA ILITHINTA KANJANI IPHAKETHE LAKHO**

Intela ezokhokhwa kulonyaka wentela oyophela ngo-29 February 2016 ikanje:

| ISAMBA SEHOLO ESINGENISA INTELA | INTELA OZOYIKHOKHA (R) |
|---|---|
| 0 kuya ku-R181 900 | Amaphesenti angu-18 weholo elidonselwa intela |
| Phakathi kuka-R181 901 no-R284 100 | R32 742 kanye namaphesenti angu-26 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R181 900 |
| Phakathi kuka-R284 101 no-R393 200 | R59 314 kanye namaphesenti angu-31 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R284 100 |
| Phakathi kuka-R393 201 no-R550 100 | R93 135 kanye namaphesenti angu-36 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R393 200 |
| Phakathi kuka-R550 101 no-R701 300 | R149 619 kanye namaphesenti angu-39 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R550 100 |
| Ngaphezu kuka-R701 301 | R208 587 kanye namaphesenti angu-41 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R701 300 |
| Izikhwama zama-trusts | Amaphesenti angu-41 |

## INTELA YOKUTHENGISWA KOMHLABA NEZAKHIWO

### UKWEHLISWA KWENTELA YOKUTHENGISWA KOMHLABA NEZAKHIWO

Isabelo sezimali sika-2015 sihlinzekela abathengi bemizi ngezindleko ezehlisiwe lapho bethenga izindlu. Lokhu kubhekiswe kakhulu kulabo imiholo yabo ingaphakathi ngokwezikalo zemiholo (phecelezi middle income earners). Kusukela ku-1 March 2015 intela enanini lokuthenga kanye nokuthengisa indlu izoqedwa uma indlu inenani elifikelela ku-R750 000. Phezu kwalokhu intela enanini lendlu ephakathi kuka-R750 000 nezigidi eziwu-2.65 lizohliswa. Kodwa izonyuka intela yokuthenga ndlu inani layo elingaphezulu kwezigidi eziwu-2.65. Amanani entela ahambisana nokuthengwa komhlaba nemizi azokuma ngaloluhlobo kusukela ngomhlaka-1 March 2015 (lamanani ambandakanya izinkampani kanye nalezo eziyimifel-ndawonye)

| INANI LOMHLABA | KWESILINGANISO SENTELA |
|---|---|
| R0 – R750 000 | Amaphesenti angu-0 |
| R750 001 – R1 250 000 | Amaphesenti angu-3 enanini elingaphezu kuka-R750 000, kodwa lingadluli ku-R1 250 000 |
| R1 250 001 – R1 750 000 | R15 000 kanye namaphesenti angu-6 enanini elingaphezu kuka-R1 250 000, kodwa lingadluli ku-R1 750 000 |
| R1 750 001 – R2 250 000 | R45 000 kanye namaphesenti angu-8 enanini elingaphezu kuka-R1 750 000, kodwa lingadluli ku-R2 250 000 |
| R2 250 001 nangaphezulu | R85 000 kanye namaphesenti angu-11 enanini elingaphezu kuka- R2 250 000 |

## INTELA YE GWAYI NOTSHWALA

### UKWENYUKA INTELA EPHATHELENE NOKUSETSHENZISWA KUKA GWAYI NOTSHWALA

Intela etshwaleni , kakhulukazi ubhiya nogologo, izonyuswa ngamaphesenti aphakathi kuka-4.8 no-8.5. Izokwenyuka ngaloluhlobo intela:

| | INTELE INYUKA NGE: |
|---|---|
| Ubhiya | Amasenti angu-7 ithini elingu-340ml |
| Iwayini elingahluziwe | Amasenti angu-15 ibhodlela elingu-750ml |
| Iwayini elihluziwe | Amasenti angu-19 ibhodlela elingu-750ml |
| Iwayini eliphuphumayo | Amasenti angu-48 ibhodlela eligu-750ml |
| Ama-cider nezicima koma zotshwala ezinongwe ngezithelo | Amasenti angu-7 ibhodlela elingu-330ml |
| Ugologo | Amarandi angu-3.77 ibhodlela elingu-750ml |
| Usikilidi | Amasenti angu-82 iphakethe elingu-20 |
| Ugwayi ozigoqela wona | Amasenti angu-91 isilanganiso sesisindo esingu-50 |
| Ugwayi wenqawe | Amasenti angu-26 isilanganiso sesisindo esingu-25 |
| Isigazi | Amarandi angu-3.09 isilinganiso sesisindo esingu-23 |

## EZENTELA KAPHETHILOLI

### EZENTELA KAPHETHILOLI KANYE NESIKHWAMA SOKUNXEPHEZELA ABALIMALE EZINGOZINI ZEMIGWAQO

Intela kaphethiloli izonyuka ngamasenti angu-30.5 ilitha, bese kuthi imali eya esikhwameni sokunxephezela abalimala ezingozi zemigwaqo (Road Accident Fund) inyuke ngamasenti angu-50 ilitha kusukela zingu-1 April 2015. Lokhu kuzonyusa intela elitheni likaphethiloli iye ku-R2.55 kanti ekadilizi yenyukele ku- R2.40.

## INTELA YE MABHIZINISI AMANCANE

### MAKHULU AMATHUBA KOSOMABHIZINISI ABANCANE

Kulonyaka osomabhizinisi abancane bazohlomula ngentela eyehlisiswe lokho okuzokhuthaza inzuzo.

| Inzuzo ekhokha intela | Isilinganiso sentela engakhokhwa |
|---|---|
| 0 – 335 000 | Amaphesenti angu-0 wenzuzo ekhokha intela |
| 335 001 - 500 000 | Amaphesenti angu-1 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R335 000 |
| 500 001 - 750 000 | R1 650 kanye namaphesenti angu-2 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R500 000 |
| R750 001 nangaphezulu | R6 650 kanye namaphesenti angu-3 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R750 000 |